

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ  
WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO SABAFUNDI  
ETHEKWINI NGOLWESINE MHLAKA 02 JUNI 2011**

Mphathi wohlelo;

Amalunga esiShayamthetho sesifundazwe

Ubuholi baseThekwini;

Amakhansela wonke akhona lapha;

Abefundisi;

Abezindaba;

Ngokukhethekile ngibingelele imindeni engosingaye lapha;

Bese ngithi emphakathini wonke;

Bafowethu nodadewethu

Ngiyaniibingelela.

Mangiqale ngokuthatha leli thuba ngibonge imindeni yalaba abasishiyile, ubuholi bezikhungo ezintathu nezinhlaka ezimele abafundi ngokusivumela njengoMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal ukuba sihlele le nkonziso yesikhumbuzo sabantwana bethu abasishiyile.

Ukuhlangana kwalolu hlobo, ikakhulukazi uma kubandakanya abantu bethu abasha, kungenye yezinto ezidabukisayo nezinzima kakhulu kithina eMnyangweni wezokuThutha KwaZulu-Natal.

Sekuwuhlelo lwalo Mnyango ukuthi ungenelele ngokusiza uma kudlule emhlabeni abantu abayisihlanu kuya phezulu engozini eyodwa emigwaqeni yethu. Lokhu sikwenza ngokuthi sixhumane nemindeni ethintekile ukuthola ukuthi hlobo luni losizo oludingekayo bese kuvunyelwana ngokuthi sibe nenkonzo yesikhumbuzo, evame ukuba ngoLwesine, noma kube yinkonzo yomngcwabo ehlanganise imindeni.

Nokho-ke, lokungenelela kwethu akuwuthathi kancane nomthelela omubi owenziwa ngukufa kwabantu abangaphansi kwabahlanu. Okusempeleni, sihlale sisho ukuthi “ukufa komuntu oyedwa emgwaqeni wethu ngukufa kwabaningi.”

Le nkongo yesikhumbuzo iza ngemuva kwenye ebesinayo ngoLwesine olwedlule eMpangeni lapho kushone khona abantu abahlanu abebeqhamuka eMnambithi emcimbini wamalobolo (Umembeso). Ngamanye amazwi, umcimbi wenjabulo uphethe ngosizi. Nalapha futhi ngifisa ukugcizelela ukuthi lokhu kuyisibonelo esisodwa nje sezinhlekelele ezihlale zithatha izimpilo ezingenacala ngezimpelasonto zonke emigwaqeni yaleli lizwe.

Manje, siya kanjani-ke phambili ngokuhlanganyela ukuze sibhekane nalezi zinselelo? UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ube nengqungquthela yezokuphepha ngoMarch walo nyaka esithi i-Road Safety Summit. Le summit ibiyingxenywe yezinhlelo zokuxoxisana ezisiza uMnyango nezinhlelo osebenzisana nazo ukuba sibhekane kangcono nezinselelo emigwaqeni yethu, ikakhulukazi lezo ezibeka ukuphepha kwethu enkingeni.

Phakathi kwezinqumo ezithathwe kule summit kuthiwe:

- Intsha kumele ihambe phambili ekushintsheni indlela yokuziphatha uma ishayela;
- Imithetho kumele iqiniswe njengoba izephula-mthetho zithola izijeziso ezincane;
- UHulumeni kumele abheke ukusungulwa kwezinkantolo zamacala omgwaqo ukuze izaphulamthetho kuzobhekwan nazo ngokukhulu ukushesha;
- Kumele kuqiniswe izifundo kwezokuphepha kanye nemikhankaso yezokuphepha emgwaqeni emiphakathini;
- Kunesidingo sokuba kuqiniswe ukulawula ngomthetho izikhungo zokufundela ukushayela;

- Kumele kube nohlelo oluphusile lokuphepha kwabahamba ngezinyawo emgwaqeni.

UMhlonishwa uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uDkt Sbu Ndebele uhlale ethi “abaphilayo yibona abavala amehlo abangasekho bese kuthi abangasekho bavule amehlo abasaphilayo”.

Izigameko ezinjengalesi esihlangene ngaso lapha zisivula amehlo ngezinto ezenzeka emigwaqeni yethu. Yingakho-ke uMnyango unqume ukuthi usebenzise le nkonziso yesikhumbuzo njengenkundla yokumema yonke intsha yethu ukuba ijoyine umkhankaso wokulwa nokufa nokuphulwa kwemithetho yomgwaqo kubafundi, esithi ‘Students Against Road Carnage and Transgressions’.

Sengathi lesi sigameko singalekelela ukugqugquzela abantu ngamunye kanye nezinhlaka ezimele abafundi ukuba babambe iqhaza ekunqandeni izingozi emgwaqeni. Sithi izingozi azizenzekeli kodwa ziyenziwa.

Yingakho-ke ngithatha leli thuba ukuba nginxuse umuntu ngamunye ngamunye kinina ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni ngokuthi nesekele lo mkhankaso. Esikuqondile lapha ngukuqhakambisa isidingo esiphuthumayo sokuba niqwashisane ninodwa ukuthi uma nisebenzisa umgwaqo niziphatha ngendlela enokuphepha nokuthi ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wethu sonke.

Ucwaningo lwethu lusitshela ukuthi abantu abafa emigwaqeni yezwe lethu iningi labo yintsha eneminyaka ephakathi kuka-18 no-35 ubudala. Laba ngabantu abanegalelo emnothweni wezwe. Kuba ngabantu abafundele imisebenzi abasanda kuthola iziqu nemisebenzi emihle. Laba ngabantu abasuke besanda kungena emshadweni besenezingane ezincane.

Ngeshwa, abanye bafunda izindlela zokushayela eziphambene nokwenza kubazali babo, obhuti, osisi, izihlobo kanye nosaziwayo ikakhulukazi emithonjeni yezindaba njengamafilimu.

Kuze kuba nabantu abadumisa yona le mikhuba yokushayela engasile. Kukangakanani nje uzwa abantu beklolodelana ngokuthi kubathatha isikhathi esingakanani ukushayela phakathi kweGoli neTheku noma phakathi kweTheku noMgungundlovu? Manje sekuyisikhathi sokuthi sisukume sithi ijubane akuyona into esesitayeleni, ukujaha akudlisi – kuyabulala.

Ngaphezu kwalokho, izingozi zomgwaqo zidla uHulumeni waseSouth Africa izigidigidi zamarandi (ngaphezulu kuka-R56 billions ngonyaka), okuyimali okumele ngabe isetshenziswa ukuletha izidingo emphakathini kwenziwe ngcono izimpilo zezakhamizi zalelizwe.

Kungumsebenzi wami namhlanje ukuba nginikhumbuze ngezinye zezinto eziholela ezingozini ezweni lethu, kuhlenganisa nesifundazwe sethu esihle, ngeshwa esesinegama elibi lokubulala abantu abaningi kunezinye izifundazwe, noma ngabe kungenxa yengculazi, ubugebengu noma izingozi zomgwaqo.

Izinto ezibonakala zihamba phambili ekudaleni izingozi yijubane, ukushayela uphuzile, izimoto ezingekho esimweni esifanelekile sokuba semgwaqeni, kanye nemikhutshana eyenziwa ngenkathi umuntu eshayela, njengokungafasi ibhande, ukukhuluma kwi-cell phone ushayela, nokulayisha ngokweqile.

Ngikholelwa ukuthi lapha eNingizimu Afrika sisaphila esikhathini esihle lapho kusenethemba lempilo engcono. Ngakho-ke njengemiphakathi nezikhungo zemfundo ezahlukene, kumele siqinisekise ukuthi siletha izixazululo ezididiyelwe ezizobhekana ngqo nezinselelo ezihlanganisa ubugebengu, ububha kanye nobhubhane lwe-HIV/AIDS.

Into esemqoka kule mpi esibhekene nayo ngukuba sinciphise izimo okuyizona eziholela kulezi zinselelo. Kumele sihlanganyele ekuhlinzekeni ngezokuphepha jikelele kulabo ababuthaka emiphakathini yethu ukuze siphumelelise umgomo wethu wokuba umphakathi onakekelayo.

Le ngozi esihlanganisile lapha namhlanje yenzeke ngezithuba zabo-02h30 entathakusa ngoMgqibelo (28/05/11) ezimpambanweni zomgwaqo uManning noClark Road, eGlenwood, eThekwini. Umshayeli wemoto yohlobo lwe-BMW wehluleke ukuyilawula yase igaxela esihlahleni kwase kuthi abebengaphathi bachitheka ngaphandle bashonela khona lapho.

Kubantu abayisikhombisa abebephakathi kule moto okuhlanganisa nomshayeli, bayisithupha abashonile kwase kuthi umshayeli yena waphuthunyiswa esibhedlela e-St Augustine eThekwini elimele kanzima.

Sesitholile-ke ukuthi umshayeli usekhishiwe egunjini labagula kakhulu (ICU) okuyimanje usegunjini elijwayelekile kusona lesi sibhedlela. Igama lakhe nguMzuphile Gadu (owesilisa) oneminyaka engu-24 ubudala oqhamuka eKing Williams Town, e-Eastern Cape kanti ungumfundi wase-DUT

Ngokombiko wamaphoyisa, imbangela yale ngozi kungenzeka kube yijubane (njengoba iwashi lejubane belikhombisa ukuthi imoto ibihambe ngejubane elingu-130 km/h ngenkathi kwenzeka ingozi), kanti kunamathuba okuthi belingaphezulu kwalokho ijubane ngaphambi kokwenzeka kwengozi. Kusolakala nokuthi ukulayisha ngokweqile kanye nophuzo oludakayo kungaba nomthelela kule ngozi. Amaphoyisa aseMbilo asaqhubeka nophenyo.

Sikwazile ukuthola imininingwane yomshayeli ngohlelo lwethu lwe-eNatis sathola ukuthi unazo izincwadi zokushayela ezisemthethweni azithole ngonyaka odlule u-2010.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal noMnyango wezokuThutha sifisa ukudlulisa ukudabuka kwethu emindenini yalaba abalandelayo:

- 1 Mzwandile Zitha (male – 30 yrs – DUT from uMtata)
- 2 Elethu Diko (Female – 18yrs – CIT College from uMtata)
- 3 Athi Nzawuse (Female – 17yrs –Berea College from Tsolo)
- 4 Zimkhitha Falteni (Female-18yrs –CTI College from Tsolo)
- 5 Bongeka Silinga (Female – 19yrs –Berea College from uMtata)
- 6 Zanele Thabethe (Female – 20yrs – Berea College from Nquthu)

**“Sengathi imiphefumulo yabo ingaphumula ngoxolo”**

Sengiphetha, njengabantu abasha kumele kube semahlombe enu ukwazi lapho niphokophelele khona. Ningakuvumeli ukuluthwa yizinto eziheha intsha zibe zinomphumela omubi njengokudakwa utshwala, ukudla izidikamizwa nokuzijuxuza okungapheli emaphathini.

**NGIYABONGA.**